basic education

Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

**NATIONAL SENIOR CERTIFICATE**

**IBANGA LE-12**

# ISIZULU ULIMI LWASEKHAYA (HL)

**IPHEPHA LOKUQALA (P1)**

**NOVEMBA 2016**

**AMAMAKI: 70**

**ISIKHATHI: Amahora ama-2**

**Leli phepha linamakhasi ayi-13.**

Akuvunyelwe ukukopisha leli phepha

**IMIYALELO KANYE NOLWAZI KWABAHLOLWAYO**

1. Leli phepha lehlukaniswe IZIQEPHU EZINTATHU:

| | | |
|---|---|---|
| ISIQEPHU A: | Isivivinyo sokuqondisisa | (30) |
| ISIQEPHU B: | Ukufingqa | (10) |
| ISIQEPHU C: | Izakhiwo nezimiso zokusetshenziswa kolimi | (30) |

2. Phendula YONKE imibuzo ekuleli phepha.

3. Qalisa ISIQEPHU NGASINYE ekhasini ELISHA.

4. Hlukanisa ngokudwebela emuva kwesiqephu.

5. Faka izinombolo njengoba zisetshenzisiwe ephepheni.

6. Yeqa umugqa emuva kombuzo ngamunye.

7. Qaphela isipelingi kanye nokwakhiwa kwemisho.

8. Ungasebenzisa isikhathi sokubhala ngale ndlela elandelayo:

| | |
|---|---|
| ISIQEPHU A: | Imizuzu engama-50 |
| ISIQEPHU B: | Imizuzu engama-30 |
| ISIQEPHU C: | Imizuzu engama-40 |

9. Bhala ngobunono futhi kubonakale.

## ISIQEPHU A: ISIVIVINYO SOKUQONDISISA

## UMBUZO 1: UKUFUNDELA UKUQONDISISA

1.1 Fundisisa UMBHALO A ubuye ubukisise NOMBHALO B ongezansi bese uphendula imibuzo elandelayo.

**UMBHALO A (OFUNDWAYO)**

### IZITHOMBE ZIXOXA LUKHULU

1 UMaGumede owayedume ngelikasisi Dolly esakhula, umi kwakhe endlini yokuphumula. Ubuka isithombe sakhe esengusukasambe wentokazi, ngesikhathi eseyintombi yakwabo eyayishaya ngezicathulo zayo okwakungachusha kuzo igundane. Wayengumnyovu ngaleso sikhathi futhi enyathela ngabantwana. Isikhumba sakhe sasisulekile namehlo emhlophe kwazise ayengakaziboni izimanga zomhlaba. Kulesi sithombe asibukayo ugqoke uyaconsa uphethe isikhwama. Uqhibulele isambulela kwazise wasithathela esitudiyo lesi sithombe. Impela asikho esiguga namagxolo aso.

2 Kuningi okufika emqondweni uma kukhulunywa ngesithombe. Kukhona leso esiphathwa ngesandla naleso esihlala kumakhalekhukhwini. Zithe chithi saka izithombe ezikhathini zanamuhla, okwenza kube lula kabi ukumazi umuntu othile ukuthi ubukeka kanjani noma ungasambonanga ngamehlo. Awusagcini nje ngokwazi igama nesibongo sakhe noma indaba exoxwa ngaye. Uke ucabange ukuthi inkulumo iyasakha isithombe esicacile emqondweni walowo osuke elalele? Othisha abantu abanekhono lokudweba umfanekiso ngengxoxo yabo kubafundi. Akugcini ngokuthi abafundi bakuqondisise lokho abakufundiswayo kodwa basuke sebekubona nangamehlo engqondo.

3 Emandulo ingakabi bikho imishini yokuthwebula izithombe, abadwebi babenza emihle imifanekiso lena. Yayidwetshwa kusetshenziswa ikhono lokuxuba imibala yemicako eyahlukene bese bekhipha umfanekiso womuntu noma wento edwetshwayo njengoba injalo. Umdwebi onekhono wayesidweba isithombe somuntu kube sengathi lowo muntu uzokhuluma. Babekhona nababengakudweba umangale ukuthi bathi nguwena kanjani ngoba bazidwebele omunye nje umuntu ongaziwa. Phela nawo amakhono ayashiyana.

4 Ziyachaza izithombe ukuthi zidlulisa muphi umyalezo. Baningana abanekhono lokuzichaza. Bakwazi nokuxoxa ukuthi umdwebi nodwetshiwe babekusiphi isimo. Imibala esesithombeni bayayichaza bayixoxise kuphume indaba obungayinakile. Abadwebi bezinga eliphezulu bayaqeqeshwa. Zikhona izingwazi zalo mkhakha wokudweba ezinjengoRembrant Van Righn onemidwebo emihle eyaziwa umhlaba wonke. ULeonardo Da Vinci ungumdwebi wesithombe esibizwa ngokuthi iMona Lisa, sisengundabuzekwayo ngobuciko obuhlukile abukhombisa ekusidwebeni. Wadla umhlanganiso ngaso. Nanamuhla le mifanekiso uma kunezindali isathengwa yize imba eqolo.

5 Ezikoleni kukhona isifundo esiqhakambisa amakhono okudweba. Ezikhungweni zemfundo ephakeme kuyafundelwa ukusebenzisa ezobuchwepheshe ekudwebeni nasekuthwebuleni izithombe. Ogogodele lo msebenzi uzuza isitifiketi nolwazi olungamsiza ngisho efuna ukuziqalela elakhe ibhizinisi **enze eshisiwe imali** ngokuqashwa emicimbini enhlobonhlobo.

6 Izenzo zomuntu wonke ophilayo ezinhle nezimbi zishiya isithombe emiqondweni yabantu. Obedelela nalowo obehlonipha usuke eseshiye isithombe sokuthi wayengumuntu onjani. Ngisho esadlula kwelimagade ahlabayo akapheli emilonyeni yabanye abantu. ILembe layiphaka impi libumba isizwe samaZulu. Ubuciko besakhiwo sempi lapho selihlasela, buthi uma buchazwa usibone lesi sithombe phambi kwakho sidlala okwebhayisikobho. Nanamuhla abantu abakawuvali umlomo ngesenzo seLembe. Zofa izinsizwa ziyosala izibongo!

7 Ulwazi lokuthwebula izithombe seluthuthuke kakhulu ezikhathini zamanje. Izihambeli zemicimbi ethile ziyaye zithathe izithombe. **Okubi ukuthi aziyiceli imvume kubanikazi bomcimbi.** Ngakho-ke azibe zisanqandeka. Zisakaza umcimbi izwe lonke zize ziwufake nasezinkundleni zokuxhumana ngesikhathi uqhubeka. Laba abasuke bengaphumelelanga abaphuthelwa lutho ngaphandle kwenkonzo yesisu. Bazithola zishisa izindaba. Kuyenzeka lokhu bangakuthandi abanikazi bomcimbi ngoba laba bathwebuli basuke bethwebule nokungamahlazo kwesinye isikhathi.

8 Izithombe zivamise ukuveza umuzwa othile kulowo osuke ezibuka. Okuhle ngezithombe ukuvela kobudlelwane kulabo abakusona nalowo osuke esibuka. Kuvamise ukuba kugqame izikhathi zentokozo nomlando kulezo zithombe. Kuyenzeka umuntu asisuse lapho kade esibeke khona, asicishe kumakhalekhukhwini noma asidabule uma engasezwani nalawo muntu. Kunabantu abathandayo ukuthatha nokuthathwa izithombe kanye nokudwetshwa. Kuyinto eyejwayelekile ukuthi uzwe abantu bethi, 'Usibanibani azive zimthanda izithombe'. Bakhona nalabo abaye bakhalaze njalo uma kubukwa izithombe ngokuthi abaphumanga kahle. Kungenzeka kanjani ukuthi umuntu oyedwa abe neshwa lokungaphumi kahle njalo ezithombeni?

9 Bayaxwayiswa abantu ngokufaka izithombe ezinkundleni zokuxhumana futhi babuye bazithumele kwabanye, ikakhulukazi uma kuyizithombe zabantu abangaqgokile. Umphumela walokhu mubi. Abaqashi bayazibheka izinkundla zokuxhumana ngaphambi kwenhlolokhono yomuntu othize. Uma etholakala enze le migilingwane uye azithole engaqashwa ndawo. Lapho-ke inhlanzi isuke isishelwe ngamanzi. Angakwenza lokhu umuntu edudene nabathile noma esemusha kodwa ngokuhamba kwesikhathi kumlahlekisela ngekusasa lakhe. Yiwo-ke amandla esithombe lawa.

[Owokuzisungulela]

1.1.1 Nikeza izimo zokukhuluma EZIMBILI ezifakazela ukuthi uDolly wayebukeka kahle ngenkathi eseyintombi. (2)

1.1.2 Shono ukuthi zisiza ngani izithombe eziphathwayo nalezo eziba komakhalekhukhwini. Bhekisa impendulo yakho esigabeni sesi-2. (2)

1.1.3 Nikeza okungumehluko wokuqukethwe isigaba sesi-3 naleso sesi-7. (4)

1.1.4 Isisho esibhalwe ngokugqamile esigabeni sesi-5 kulesi siqephu sichaza ukuthi imali …

A eningi.
B encane.
C entshontshiwe.
D efihliwe. (1)

1.1.5 Chaza ngokumele kwenziwe abantu abasha abanothando lokudweba izithombe ukuze bafinyelele ezingeni elifanayo nelabadwebi okukhulunywa ngabo kulesi siqephu. (3)

1.1.6 Kungaba namthelela muni ukuthi umuntu onebhizinisi lokuthwebula izithombe athathe izithombe kodwa ebe engenalo ikhono lalowo msebenzi? Sekela impendulo yakho. (2)

1.1.7 Ucabanga ukuthi kunganqandwa kanjani ukucekelwa phansi kwezichuse obekudlange ezikhungweni zemfundo ephakeme yakuleli ukuthi kungenzeki esikhathini esizayo? (2)


1.1.8 Ingabe umbono noma iqiniso ukuthi isithombe esashiywa iLembe esizweni samaZulu asisoze sashabalala? Sekela impendulo yakho. (2)

1.1.9 Phawula ngokubaluleka kwesitatimende esidwetshelwe kulesi siqephu. (2)

**KANYE NO**

1.2 Bukisisa lezi zithombe ezingezansi bese uphendula imibuzo elandelayo.

**UMBHALO B (OBUKWAYO)**




[Zithathwe ku: www.typesofpictures.com]

1.2.1 Chaza okwenzeka emfanekisweni woku-1. (2)

1.2.2 Chaza kafushane okuwumehluko walezi zithombe ezisemfanekisweni wesi-2. (2)

1.2.3 Humusha ubudlelwane obukhona phakathi kwesigaba sesi-8 nesithombe sesi-3. (4)

1.2.4 Ngabe umdwebi osemfanekisweni wesi-4 unalo yini ikhono lalokho akwenzayo? Sekela impendulo yakho. (2)

**AMAMAKI ESIQEPHU A: 30**

## ISIQEPHU B: UKUFINGQA

### UMBUZO 2: UKUFINGQA ISIQESHANA NGAMAGAMA AKHO

Lesi siqeshana esilandelayo (UMBHALO C) simayelana nezidakamizwa esezibulele izwe.

**IMIYALELO:**

1. Fingqa lesi siqeshana esimayelana nezidakamizwa esezibulele izwe usebenzise amagama akho angedluli kwangama-80.
2. Fingqa **ngesigaba**.
3. Ungabe usasibhala isihloko uma usufingqa lesi siqeshana.
4. Bhala inani lamagama owasebenzisile ekugcineni kwesiqeshana osifingqile.

**UMBHALO C**

**IZIDAKAMIZWA ZILIBULELE IZWE**

Intsha yakuleli isingene shi ezidakamizweni ezinhlobonhlobo. Lezi zidakamizwa yizona eziletha ubumnandi uma intsha ihlangene ezindaweni zokuzithokozisa. Kuqala bekukhalwa ngokuphuza kakhulu kwabafana manje namantombazane aselala avuke ngabo. Okubuhlungu kakhulu ukuthi intsha ayisagcini nje ngokuphuza utshwala kodwa isibuxuba nezidakamizwa ezahlukahlukene. Kukhona izidakamizwa ezifana newunga, i-m*ercedes*, i-*tik,* kanye nezinye ezinhlobonhlobo. Lezi zingane ezizitika ngalezi zidakamizwa zize ziziteketise zizibize ngomgwinyo.

Lezi zidakamizwa azikhethi indawo lapho kumele zisetshenziswe khona. Uma kukhona ozalwayo ziyadliwa, kusemngcwabeni ziyadliwa, iPhasika noma uKhisimuzi alukho olwamahhala. Umkhuba omusha kulezi zinsuku yilowo wokwenza imicimbi yokubeka phansi amapeni bese kudliwa izidakamizwa. Lokhu kuvame ukwenzeka uma izingane seziqede ukubhala izivivinyo zokuphela konyaka. Abafundi bahlanganisa imali yezidakamizwa bese beyokwenza umcimbi wokugeza amapeni. Kulo mcimbi akukho okunye intsha ezijabulisa ngakho ngaphandle kotshwala kanye nomgwinyo.

Okubuhlungu kakhulu yikho nje ukuthi sezithe chithi saka izindawo ezingamajoyinti ezidayisa utshwala emphakathini. Abanikazi bamajoyinti ababe besabheka ukuthi lo ozothenga utshwala uneminyaka emingaki inqobo nje uma eletha imali. Okubi kakhulu yila majoyinti asondelene nezikole. Izingane uzibona ziwuvanzi zehla zenyuka zithungatha indawo yokuzijabulisa ngezidakamizwa. Kwasho bani ukuthi ukuze ujabule kumele uphuze utshwala? Kusuke kungewona umcimbi uma ungazange unikeze abantu utshwala bese kuthi intsha iminye ukuze isheshe idakwe idlule abantu abadala. Utshwala lobu yibo obuvamise ukuvula intuba yezinye izidakamizwa.

Ukucabanga kwabantu abadle izidakamizwa akufani. Kukhona labo okuthi uma sebezidlile baphenduke amabhubesi. Ukubulala umuntu kubona kufane nokubulala impukane nje. Yibo laba abavamise ukwenza ubugebengu obunodlame. Badlwengula izalukazi, izingane abakhethi. Kubona ukucabangela abanye abantu into engekho ezingqondweni zabo. Kukhona nalabo abathi uma sebezidlile izidakamizwa zimane zibathothobalise, bahleke ubala ubathole sebegxaza amathe anganqandeki.

Umuntu osheshe wangena ezidakamizweni kuba nzima kuye ukuba aziyeke. Ubungozi bazo ukuthi zisabalala nawo wonke umzimba angabe esakwazi ukuphila ngaphandle kwazo. Izidakamizwa ziyikhinyabeza kakhulu ingqondo yomuntu osemncane ngoba usuke engakakhuli ngokwanele.

Abantu abaningi sebaphelelwa unembeza. Abanandaba ukuthi kufa bani. Ukudayisela izingane izidakamizwa kuwukubulala isizwe. Ingalo yomthetho kufanele iqine ukuze kuboshwe bonke laba bantu abadayisa izidakamizwa. Yimuphi nje umzali ojabulela ukubona ingane yakhe ibhuquziswa yizidakamizwa? Okuqaphelekayo ukuthi nabo labo abadayisa lezi zidakamizwa bazele. Intuba encane ezingayithola nezabo izingane zingathanda ukuzwa ukuthi yini le edayiswa lapha ekhaya.

Okunzima ukuthi laba bantu baphila nathi emphakathini. Umphakathi yiwo obavikelayo. Kungalunga uma umphakathi ungabambisana nabakwasidlodlo kunqandwe lesi sihlava.

[Icashunwe yahunyushwa: *Isolezwe,* 27 Mashi 2016]


**AMAMAKI ESIQEPHU B: 10**

## ISIQEPHU C: IZAKHIWO NEZIMISO ZOKUSETSHENZISWA KOLIMI

### UMBUZO 3: UKUHLAZIYA ISIKHANGISI

Fundisisa lesi sikhangisi (UMBHALO D) bese uphendula imibuzo ezolandela.

### UMBHALO D (OFUNDWAYO NOBUKWAYO)




[Sicashunwe sahunyushwa ku*Bona*, January 2015]

3.1 Yethula okukodwa okuyiqiniso ngalokhu okukhangiswayo. (1)

3.2 Chaza kafushane imigomo okumele ilandelwe ukuze umfundi walesi sikhangisi ezothola ithuba lokuzuza umklomelo wengqayika. (3)

3.3 Khetha impendulo eyodwa kwezilandelayo:

Igama elithi ingqayika lisho …

A indlovu.
B umfaniswano.
C izicathulo.
D ibhayisikili. (1)


3.4 Ucabanga ukuthi isithombe sendlovu esisetshenziswe kulesi sikhangisi sinabudlelwane buni negama elithi 'Toughees'? (3)

3.5 Phawula ngokusetshenziswa kwesiqubulo ukunxenxa abafundi balesi sikhangisi. (2)
**[10]**

**UMBUZO 4: UKUHUMUSHA IKHATHUNI**

Bukisisa UMBHALO E bese uphendula imibuzo elandelayo.

**UMBHALO E (OFUNDWAYO NOBUKWAYO)**




[Icashunywe ku: www.funny-comiccartoon.com]

4.1 Yini evezwa ithoni esetshenziswe ngumama enkulumeni ekufreyimi yoku-1? Nikeza isizathu sempendulo yakho. (2)

4.2 Chaza kafushane ngokusetshenziswa koteku efreyimini yesi-6. (2)

4.3 Ukusetshenziswa kolimi olungamukelekile olutholakala kufreyimi yesi-3 luchaza ukuthi …

A inkinga.
B ingozi.
C intuthu.
D indlala. (1)

4.4 Humusha ukukhuluma ngezitho zomzimba okwenzeka efreyimini yesi-4. Bhekisa kubo bonke abalingiswa abakule freyimi. (3)

4.5 Ngokwakho ukubona ngabe umdwebi wale khathuni ukwazile ukudlulisa umyalezo wakhe? Nikeza isizathu sempendulo yakho. (2)
**[10]**

**UMBUZO 5: IZAKHIWO NEZIMISO ZOKUSETSHENZISWA KOLIMI**

Funda lesi siqeshana esingezansi bese uphendula imibuzo elandelayo.

**UMBHALO F**

**IGAMA LOMUNTU LIBALULEKILE**

Ukwakha igama lakho empilweni kubalulekile. Yingakho umuntu elivikela igama lakhe. Indaba yokuqanjwa kwegama iqala ngesikhathi umama wengane esakhulelwe. Izigameko ezimehlela ngesikhathi ekhulelwe ziyasetshenziswa ukuqamba igama lengane. Lokhu kusuke kwenzelwa ukugcina umlando othile kuleso sibongo.

Abazali abalicabangelayo ikusasa baqamba izingane zabo amagama amahle. Ezinye ziyawalandela amagama azo kanti ezinye ziphuma eceleni. Kwesinye isikhathi kuyenzeka abazali basebenzise amagama abantwana babo ukulwa izimpi zabo. Kungumkhuba omubi lo ngoba ezinye izingane ziba namagama alumelayo uma uwaphimisa.

Ukuziphatha kahle phambi kwabantu kwakha igama elihle. Yingakho-ke abantu bekuqikelela ukwenza kahle phambi kwabanye ukuze babe namagama amahle. Lingcofe-ke wena uyoyikhotha imbenge yomile.

Abantu bayafisa ukushiya igama elihle emhlabeni. Ukwenza kahle kwakhela umuzi kanye nesibongo igama elihle. Umnumzane uyakuqikelela ukuthi izingane zakhe kaziphenduli **umuzi** wakhe ihlathi.

[Owokuzisungulela]

5.1 Shono ukuthi igama elidwetshwelwe emgqeni woku-1 lenze msebenzi muni emshweni elikuwona. (1)

5.2 Tomula isenzo esisendleleni esabizo esitholakala emgqeni wesi-4. Phinda usisebenzise lesi senzo sesikhomba ukulandula emshweni ozakhele wona. (2)

5.3 Nikeza umqondo oqukethwe isakhi esidwetshelwe emgqeni wesi-8. (1)

5.4 Emshweni odwetshelwe khipha:

5.4.1 Umusho omkhulu.

5.4.2 Umshwana okhonzile ochazayo. (2)

5.5 Khipha ingxenye yomusho equkethe inkulumo egudliselayo esigabeni sesi-3 bese unikeza incazelo yayo. (2)

5.6 Sebenzisa igama elibhalwe ngokugqamile emgqeni we-16 emshweni ozakhele wona ukuze kuvele umqondo owehlukile kulo otholakala endabeni. (2)
**[10]**

**AMAMAKI ESIQEPHU C: 30**
**AMAMAKI ESEWONKE: 70**